# FOSATU WORKER NEWS

Published by the FEDERATION OF SOUTH AFRICAN TRADE UNIONS
125 Gale street, Durban.

2nd EDITION
OCTOBER
1979


## ABASEBENZI E KELLOGGS BAZUZA UKWAMUKELWA KWENYUNYANA

Ngomhlaka 14 August 1979 i-Sweet, Food and Allied Workers Union and Kelloggs (Pty) Ltd yasayina isivumelwano sokwaziwa. Lokhu kwenza kube isivumelwano sesibili esinjena sokwaziwa ngemuva kwesakwa Smith and Nephew.

Lesisivumelwano sikhombisa ngokusobala ukuthi izinkampani ezisebenza ngokuthembana okuhle ukwaziwa kunokwenzeka futhi kwenza kungabi namqondo ukuba nezihoxiso eziningi ezisasetshenziswa ezinye izinkampani ngokuzama ukuvimbela ukwaziwa.

Ipulani elingaphelele lesivumelwano kwaxoxwa kabanzi nabasebenzi kwabuye kwangama-shop steward nabaphathi benyonyana baluxoxa nabaphathi befekthri. Amaxoxo aqala ngemuva kokuba inyonyana isikhombise ukuthi iningi kwabe kungamalunga phakathi efekthri.

Isivumelwano siyisivumelwano sokwaziwa ngokukhombisa kahle ngokwakhiwa kwamalungelo enyonyana ukuthi imele amalunga ayo ngokuxoxa. Isinyathelo esilandelayo ukuxoxa ngesivumelwano sesibili esiphathelene namaholo nempatho nezindlela zokusebenza.

Isivumelwano nokuphatheka kulokho okwenzekayo kuma shop steward engxoxweni yawo kuwukunqoba okubaluleke kakhulu kubasebenzi bakwa Kelloggs nakubo bonke abasebenzi base Ningizimu Afrika.

Isivumelwano sakwa Kelloggs siqukethe lezizinto ezilandelayo:

1. Ukwaziwa kwenyonyana: abaphathi bayazi inyonyana ukuthi imele futhi ixoxe nabaphathi ohlangathini lwamalunga phakathi efekthri.

2. Ubungeno. Umgqugquzeli wenyonyana uvumelekile ukuthi abesenkantini kanye ngenyanga ngoLwesithathu ngesikhathi sedina. Ngezinye izikhathi umgqugquzeli kufanele anikeze abaphathi isaziso ezinsukwini eziyisikhombisa uma enesifiso sokuza efekthri.

3. Shop Steward: Abaphathi bayazi ilungelo lama shop steward ukuthi amele futhi axoxe ohlangothini lwamalunga enyonyana.

## kusho ukuthini ukuthi Fosatu?

U-FOSATU umele inhlangano yabasebenzi eqinile nenomfutho lapho besebenza khona bamele inhlangano egxile ezimpandeni zefemu.

Sisho ukuthini uma sithi inhlangano egxile ezimpandeni? Sisho amalunga anomdlandla anolwazi olugcwele ayosekelana ewodwa nama-shop steward awo emzabalzweni wokuvikela nokuthuthukisa amalungelo abasebenzi ngokuqinile kanjalo awanakulalelwa iziphathimandla zomsebenzi. Kanjalo amalunga anomdlandla akha ama-shop steward anomdlandla enza umsebenzi wawo abikele abasebenzi ngenqubekela phambili nezehlakalo ezenzeka kwinyunyana.

Kungani lamaphuzu ebaluleke kangaka?

Abaluleke ngoba

\+ Abasebenzi bahlangabezana nezinkinga zamihla namalanga emsebenzini. Izivumelwano nemithetho kukodwa kungeke kuzixazulule lezinkinga. Yinyunyana eqinile enomdlandla enezindlela zokuhlangabezana nokuxazulula lezinkinga ngesikhathi zenzeka.

\+ Amalunga anomdlandla nama shop steward abalulekile enhlanganweni yenyunyana esebenza ngentando yeningi nephethwe abasebenzi.

\+ Inhlangano yenyunyana ebusa ngeningi ephethwe abaholi babasebenzi abanganeka, bavikele bathuthukise izifiso zabasebenzi emphakathini ngeqiniso.

## UMTHETHO OMUSHA NGEZOMSEBENZI

Ngo-October 1 kwaguqulwa i-Industrial Conciliation Act ephathelene namalungelo ezinyonyana kwase kuthi ukuhlanganyela kanye kwaphenduka kwaba umthetho. Emzuzwini wokugcina, kodwa-ke uHulumeni wacindezela ukuthi imvume ebalulekile.

UNgqongqoshe weZemisebenzi wamemezela ngenkululeko yokwenaza amalungelo enyonyana kucishe kubobonke abasebenzi. Inkululeko yacindezelwa kwi-Gazette ngomhlaka 28 September.

AMALUNGELO EZINYONYANA EZIREJISTIWE.

IZINSOLO NGOMTHETHO.

Ngale kwemvume enikezwe uHulumeni kunezinsolo ezibalulekile kakhulu ezisasele ngomthetho omusha kodwa ayikabikho inkululeko egcwele ngenhlangano ngokuthi ngeke zivunyelwe izinyonyana ezixube izinhlanga ezahlukene ukuthi zirejistwe ngaphandle uNgqongqoshe azinike inkululeko.

Umphumela wenkululeko ukuthi abantu bakulawo mazwe kuphela abangaphandle kwemingcele emidala yase Ningizimu Afrika abangayokuvunyelwa ukuthi bajoyine inyonyana. Lokhu kusho ukuthi abantu bakulawo mazwe azimele geqe njengo Transkei, Bophuthatswana no-Venda bangazijoyina izinyonyana ezirejistiwe kodwa abantu bakumazwe

(Iyaqhubeka ekhasini lesi-2)

## ZISIZENI BASEBENZI



Abasebenzi kwa Z.B.

I-Project yakwa ZISIZENI BASEBENZI yasungulwa eThekwini ngo-June 1978 ngomphumela wezimali ezanikelwa inhlangano eyaziwa ngokuthi i-International Confederation of Free Trade Unions. I-I.C.F.T.U. umzimba omkhulu oxhumanisa izinyonyana zasemazweni aphesheya aseNtshonalanga. Umphumela omuhle ku-Z.B. uphiko oluth ungayo olunabasebenzi abane abathathu ababengama lunga enyunyana ye-Textile.

I-Project inemishini emine eyenza imisebenzi eyahlukene. Bonke abasebenzela i-Project sebethole ulwazi oluphezulu ekuthungeni kusukela baqala kwi-Project. Okwamanje kuthungwa amanyunifomu ezingane zesikole, kodwa kugxilwe ekwakheni ama-Tunic, izingubo, izikhethi, nama-blawuzi. Osekuthungiwe kudayiselwa ikakhulukazi amalunga enyunyana. I-Project yakwa-Z.B. akuyona eyokwakha izinzuzo iqondene nokusiza amalunga enyunyana. Uma kungaba nenqubekela phambili amanani angehla kakhulu kunamanani ezitolo, kungaleyo ndlela abasebenzi abangazuza ukuvikela nokwenza ngcono amalungelo abasebenzi ezindaweni abasebenzela kuzo.

## ILUNGA LE FOSATU LESHUMI NANE

Ngomhlaka 30 September i-Jewellers and Goldsmiths' Union yaba ngeyeshumi nane ezinyonyaneni ezixhumene ngaphansi kuka-FOSATU. Inyonyana erejistiwe enamalunga axubile amaKhaladi nabaMhlophe. Igatsha elise Cape Town linamalunga angu 450 elise Goli lisamukelwe.
I-Jewellers and Goldsmiths iyoba eyodwa encane ngaphansi kuka-FOSATU kodwa empeleni indala kakhulu ngokuthi yaqalwa ngo 1939.

UMTHETHO OMUSHA NGEZOMSEBENZI. (Iyaqhubeka ekhasini loku-1).

anjengo Lesotho noma eSwazini abakwazi ukujoyina. Ngenxa yokuthi abanye abasebenzi abavumelekile ukuba ngamalunga enyonyana. Ngenxa yokuthi ubulunga kuya nokuthi uNgqongqoshe uyinikeze kanjani inkululeko nokuthi ingabhalwa emthethweni. Isidingo sokubambela kwesikhashana ukurejistwa kanye namandla ombhali ukuthi anqume ngaphandle kokunika izizathu.
Kunezinto eziningi ezintsha ezahlukene ezisemthethweni ezinikeza uHulumeni amandla amakhulu okugaxeka ezindabeni zenyonyana. Kusenelungelo lokuvota kwezinyonyana ezikhona ezirejistiwe kuma-Industrial Councils.

ISIMO SIKA FOSATU.

I-Central Committee eyabe ihlangene ngomhlaka 29 no30 ku-September eThekwini kwaxoxwa ngalomthetho omusha kanye nombuzo ngendaba yokurejistwa.
Kwanqunywa ukuthi:
- U-FOSATU nezinyonyana axhumane nazo uyocabangela ukukhululeka akuqhathanise kanye nezinsolo zethu ezikhona ngalomthetho.

- Omunye umhlangano we-Central Committee uyobuthana ngokushesha lapho kuyothathwa khona isinqumo esihlangene.

- U-FOSATU uyokwakha amasu akhuthazayo ngokuthintana nezinye izinyonyana ezingarejistiwe ukuze kubekhona ukuma okwejwayelekile.

## ISIQALO ESIKHULU KU-FOSATU OHLELWENI LWEMFUNDO

Uhlelo luka-FOSATU lwemfundo lwaqala ngendlela enkulu ngo-July. Izinyunyana ezixhumene zathumela abagqugqquzeli abangamashumi amathathu nesihlanu ezifundweni zokuqeqeshwa kwamasonto amathathu okwabe kuse Nyunivesi yase Natal e-Thekwini ngokokuqala nje kwakhombisa impumelelo.
Abaphathi baka-FOSATU kanye nochwepheshe ababemenyiwe babenikeza izifundo ezabe ziphethe ukonga kwezomnotho, umthetho kwezomsebenzi kanye namaqhinga olwazi kwezenhlangano.
Ekunezeleleni kwezikhulumi eziyizivakashi njengelunga eliqeqeshekile lenhlangano yabasebenzi u-DULCIE HARTWELL wakhuluma kubagqugqquzeli. Inhloso kwabe kuwukucindezela abagqugqquzeli ukuthi bacabange ngo-FOSATU nobuhlo nobuhlobo nezinye izinhlangano eNingizimu Afrika.
Uhlelo lwalunzima kakhulu noma izithuba zokuphumula zabe sengathi zisetshenziswa ngendlela efanele. Kodwa-ke akubangakhona ukungabaza ekuphethweni kwezifundo abagqugqquzeli babona ukuthi amazinga emfundo aphezulu ayadingeka kubona ukuze bakhe izinyonyana ezinqala zabasebenzi ngaphansi kukakuka-FOSATU.
Abagqugqquzeli bafunda ukuthi ukhiye oya ekuphumeleleni ukuba nolwazi oluphelele lobulunga olunqala nolunomdlandla. Abadluliseli abaphansi nabahlakaniphile abakwazi ukuthatha isikhundla salokhu kodwa kuphela ukunezezela kukho. Saba nenhlahla enkulu kakhulu ukuthi sibeno BOB ASHWORTH izinsukwana ezimbalwa. Ulwazi lwakhe njenge-shop steward endala kwa-Leyland eNgilandi wafundisa wonkuwonke okuningi. Kwabaluleka kakhulu futhi ukuthi sizwe ngendaba yabasebenzi base Brithani eyehluke kakhulu ezindabeni ezixakile esizitshelwa ngabaphathi bamafemu kanye namaphephandaba.

Lokhu wukushicilelwa kwephepha kwesibili sidinga imibono yenu kanye nezindatshana zokucindezelwa kumaphephandaba alandelayo.
Qalani nibhale kwakhona manje noma ungabe ungumphathi wama-hovisi noma ungumsebenzi.

## IZINDABA EZIFINQIWE

### GLACIER BEARINGS

Kwiphephandaba lethu lokugcina sanikeza umbiko ngefekthri yakwa Glacier Bearings eThekwini. Umzabalazo ngorkwaziwa kwenyonyana, kwkenziwa kwi-MAWU kulokhu kwasukela ngo-April 1978. Namanje akukabikho nqubekela phambili nabaphathi bathi bangeke bayivuma inyonyana engabhalisiwe ngokomthetho. Abaphathi sebeke bakhombisa ama-shop steward incwadi evela kwi-nyonyana ka-RONNIE WEBB, ye-Motor Industry Combined Workers eyabe ithi bafuna ukugqugquzela kwa-Glacier. Okwamanje i-MICWU ayinamalunga kwa-Glacier.

### FATTIS AND MONIS.

Isiteleka sabasebenzi abangu 88 efekthri kwa-Fattis and Monis e-Bellville South eKapa sisaqhubeka. Abasebenzi bamaKhaladi nabo Mdabu basalwa nomzabalazo wokwaziwa kwenyonyana yabo, i-Food and Canning Workers Union. Isiteleka saqala ngo April kwaze kwaba izinyanga eziyisihlanu namanje abasebenzi basabumbene. Abaphathi bazama ngezindlela eziningi ukuthi babahlakaze abasebenzi. Elinye iqhinga elenziwa abaphathi kwaba ukuthi baqashe kabusha abasebenzi bama Khaladi bangaqashi aboMdabu. Elinye kwaba ukuthi baqashe ngamunye kwamanye amafekthri awabo. Abateleki bathola u-R15 ngeviki ukuthi baphile abawunikezwa inyonyana yabo ngeminikelo enikezwa inyonyana.

### I-NOTICE PAY KWA-REVETEX.

Iminyaka engamashumi amabili ifekthri yakwa Revertex ibixosha abasebenzi ibakhokhele inothisi yosuku olulodwa. Ngokuthi abasebenzi sebezigqugquzele bona babangamalunga enyonyana sebefundile ukuthi amalungelo abo ngokusemthethweni kufanele bakhokhelwe imali yesonto inothisi. Lokhu sekubeyimpumelelo yabasebenzi bonke abayoxoshwa esikhathini ezisayo.

## IMIBIKO NGAMAFEKHTRI - IMIBIKO NGAMAFEKHTRI

### NATAL

### UMKHANKASO WOKWAMUKELWA KWENYUNYANA E HENKEL UYAQHUBEKA

Abasebenzi bakwa Henkel eyifemu edabuka eJalimani ekhiqiza inomfi (Glue) nensipho, bazigqugquzela kwi-Chemical Union ngo-1977 emva kokubona ukuthi i-Liaison Committee ayinamandla. Kwaba yiyona i-Liaison Committee uqobo eyaqhumbuza ithumba. Lefemu ise-Prospecton e-Thekwini. Ukuxhunywa kwenkampani ukuze kwamukelwe inyunyana kwaba ngo-September ka-1978.
Kumanje nje sekubekhona imihlangano phakathi kwabaholi benyunyana kanye nabaqashi cishe eyisishiyagalombili.
Umhlangano owaba ngo-January 1979 kwaba yiwona lapho abaqashi balimisa ngesihloko elokuthi bayayamukela i-nyunyana.
Kulomhlangano ka-January inyunyana yacelwa ukuba icacise ukuthi yayisho ukuthini uma ithi ifuna ukwamukelwa ngakho yachaza kamuva yabe isithumela i-Memorandum echaza ukuthi kusho ukuthini ukwamukelwa.
Ukwamukelwa kwenyunyana ngabaqashi kusho izinto ezehlukene, okunye kwakho ukuvumela ama-shop steward aqhube umhlangano ngaphakathi njengokuthathwa kwezikhalo nokwenza izivumelwano zokuxoshwa, ukuvuma ama-official abonane nabasebenzi emagcekeni efemu, ukubanjwa kwesondlo senyunyana. Kulawo maphuzu ayephakanyisiwe kwaphumelela kuphela ukhetho lwama shop steward ngaphakathi, kwavunyelwana ngokuthi kubekhona imihlangano phakathi kwenyunyana nabaqashi okungenani kanye ngenyanga.
Kusukela ku-May abaqashi baqala ukusungula iKomidi labo elisha abathi yilona elimele abasebenzi bebonke. Abasebenzi base-Henkel bayenqaba lekomidi kangangokuthi baluduba ukhetho lwayo. Ukuduba kwabo kwaba yimpumelelo ngenxa yokuthi isibalo ababefisa sihlangane kulekomidi asizange sihlangane. Nenyunyana yahlangana nabaqashi ukuchaza ukuthi abasebenzi bayakuphika ukumelwa kwabo yi-Company Council. Ubufakazi bokuthi leKomidi yayisungulelwe ukuketula inyunyana bavela ngesikhathi inyunyana ithumela i-Memorandum ekhomba ukuthi ama-shop steward nabagqugquzeli bazozithatha kanjani izikhalo nokuthi inyunyana izobavikela kanjani abasebenzi abaxoshwa ngaphandle kwesizathu esenelisayo. Kwaba yilapho abaqashi sebethi leziphakamiso zisazodluliselwa kule-Company Council eka-Zwelonke kutholakale nemibono eqhamuka kwezinye izifunda.
Ulwazi oseluthola kele ukuthi abasebenzi base Goli basamelwe yi-Liaison Committee ayikho kwayona leyo Company Council.
Nakuba inkampani isasho ukuthi iyayamukela inyunyana kuyabonakala ukuthi iqonde ukudusa umkhondo ibe ngezenzo ikhombisa ukulwa nenyunyana ngenxa yokuthi ayikazivumi iziphakamiso zokusebenza kwenyunyana ngokugcwele ekuvikeleni nasekulweni amalungelo abasebenzi ngaphakathi kwa-Henkel.
Abasebenzi basanda kusayina i-Petition yathunyelwa kumalunga ahlala kule-Company Council kanye noSihlalo wayo kanye ne-Menenja yefemu yalapha nabaQondisi baphesheya ekhombisa ngokusobala ukuthi iningi labasebenzi balemboni bayayichitha leKomidi abayifunzwa abaqashi.

### RAINBOW CHICKENS.

Ngo-August owedlule kwaba nokumiswa komsebenzi okukhulu e-P2 Plant yakwa Rainbow Chickens e-Hammarsdale. Abasebenzi babefuna incazelo kubaphathi ngelunga lenyonyana elalixoshiwe elabe likwi-Works Committee. Abaphathi benqaba ukunikeza izizathu ezisile kulokhu futhi abathandanga ukuthi kuxoxwe ngaloludaba nabakhethiwe be-Works Committee I-Department of Labour nayo ayikushayanga mkhuba uma icelwa ukuba izohlela loludaba. Abasebenzi batshelwa ukuthi bahambe bashiye efekthri. Ngesikhathi beqoqene ngaphandle kwamasango befuna ukubuyela emisebenzini yabo, amaphoyisa abopha abangamashumi ayisihlanu nesi-

hlanu "ngokuhlala ngokungemthetho endawen evulekile engenampheme." Manje abaphathi sebeqashe abasebenzi abasha ezikhundleni zabasebenzi abangaphezulu kwekhulu abangabange besavunyelwa ngaphakathi kwamasango.

## TRANSVAAL

DELFOS AND ATLAS COP-CO.

Lefemu ise Benoni eduzane nase Goli. Iyinkampani yabaqashi base Sweeden futhi inabasebenzi ababalelwa ku-180. Amalunga enhlangano ayanda ngaphakathi efemini kodwa okwamanje akukakhethwa ma-shop steward. Abaqashi babatshelile abasebenzi ukuthi abajoyine inhlangano futhi abazimisele ukuyichitha uma abasebenzi beyifuna. Inhlangano yabe isiba nesicelo sokuthi lokhu kufakwe emaqwembeni okusakaza izindaba ngaphakathi efemini kodwa abaqashi basinqaba isicelo sayo.

Ngo-July abasebenzi abayisithupha baxoshwa ngaphandle kokwexwayiswa noma ngesizathu. Abathathu balaba basebenzi kwakungamalunga enhlangano futhi base benesikhathi besebenzela inkampani. Abasebenzi efemini bathukuthela kakhulu ngendlela abaqashi abalwenza ngayo loludaba. Elinye ilunga le-Liaison Committee lazama ukuthola incazelo ngalokhu emhlanganweni we-Liaison Committee kanye nabaqashi benqaba ukuthi luxoxwe loludaba. Kwabakhanyela abasebenzi ukuthi ngempela i-Liaison Committee ayilona noluncane usizo kubona ngoba uma benezinkinga azixazululwa. Inhlangano yaluthatha loludaba nabaqashi kodwa ngesizathu sokuthi inhlangano yayiqinile ngaphakathi, abaqashi benqaba ukubonana nabenhlangano ukuze kuxoxwe ngaloludaba. Abasebenzi base-Atlas Copco bazibonele ukuthi uma bengagqugquzelekile ngaphakathi efemini, babe nenhlangano yabo abazuqina ekubamelelen abasebenzi uma benezinkinga. Ukuqina kwenhlangano kuvela ekuqineni kwabasebenzi ngaphakathi.

Amalunga enhlangano manje e-Atlas Copco aseqale umkhankaso wokugqugquzela ngaphakathi amalungu amasha ukuze kwakheke inhlangano eqinile ngaphakathi. Bazimisele kakhulu ukuthi lokhu okwe nzekile kungabaphindi futhi.

## EASTERN PROVINCE (P.ELIZABETH)

LENNONS: CHEMICAL & GENERAL WORKERS UNION.

Ekuqaleni kwalenyunyana ngo-1977 abaqashi bagadla ngokuxosha uSihlalo owayebambele kuleyo nyonyana. Abaqashi babeka umbandela wokuthi umsebenzi uphelile nokuthi akukho sikhala kwezinye izindawo efekthri abangase bamyise kuzona. Abasebenzi batshelwa ukuthi bangaxoxi ngenyonyana uma bengaphakathi emsebenzini. Kwabe sekuqanjwa amakomidi amabili eyodwa kwaba ngeyabesifazane enye kwaba ngeyabesilisa. Iningi elikulamakomidi abasebenza imisebenzi yobuduna. Ngenxa yemisebenzi abayenzayo baba ngakubaqashi kukho konke ukwenza kwabo.

Yinye indlela abasebenzi abangenza isimo sibengcono, namaholo enelisayo ukuba bagqugquzelane bodwa bakhe inyunyana enamandla. Baphezu kwayo lemizamo okwamanje.

EASTERN CAPE SWEET FOOD AND ALLIED WORKERS UNION (ENGAREJISTIWE).

Lenyunyana ibambene ne-E.P.-S.F.A.W.U. yasungulwa ukuqinisa umzabalazo ngaphakathi e-Cadburys. Amanyathelo ajwayelekile ezinyunyaneni zase-E.P. ukuba kuqalwe kurejistwe izinyunyana zama-Khaladi okungase kunikeze isisindo kubaqashi ukuba bemukele izinyunyana zaba-Nsundu. Ngalendlela ayisebenzanga kwimizamo e-Cadbury kungakho kwasungulwa lenyunyana eyayizolekelela ekuhlaseleni abaqashi.

Okwamanje abasebenzi be-E.C.S.F. base yidlanzana ukuba bangaba nemizamo yokuhlongoza abaqashi. Imizamo okugxilwe kuyona kulesisithuba ukwenyusa inani lamalunga nokuqeqesha i-Steering Committee ngezezinyunyana ukuze kwenyuswe izinga labajoyinayo.

Ngalendlela kungenziwa inyunyana enamandla ngaphakathi efemini lapho kunemibuzo eminingi kulabo abangewona amalunga ababe ngakubaqashi.

FARGESTA.

I-Fargesta inkampani enobunikazi baphesheya e-Swidi ezinye e-Springs, eNtilasifali eyakha ama-Drill Bits. Iqashe abasebenzi boMdabu abangu 210 abangu 70 bangamalunga enyonyana. Lamalunga enyonyana agqugquzelwa yi-Engineering and Allied Workers Union. Emhlanganweni phakathi kwezikhulu zeEAW nabaphathi kwavunyelwana ngokuthi inyonyana inikezwe ilungelo efekthri ngesikhathi sedina kanye ngesonto enyangeni eyodwa ngesizathu sokuthi ikwazi ukuthola amalunga.

Abaphathi futhi bavuma ukuthi izimemzelo zenyonyana zibekwe ebhodini yezaziso. Ekupheleni kwenyanga inyonyana iyozimela ibenomhlangano wokuxoxa phakathi efekthri ixoxe ngokwaziwa kwamaqembu ama-shop steward. UN-obhala-Jikelele we-EAWU ebelokhu evakashela ifekthri kulenyanga eyedlule.

CADBURY. INYONYANA YE-SFU EREJISTIWE.

Umzabalazo wabasebenzi bakaswidi wokuthi baziwe e-Port Elizabeth usaqhubeka. Ngenyanga eyedlule amalunga abanokusola ngoshintsho oluthile ngendlela yempatho emsebenzini.

a) Ukumiswa ukukhuluma noma ukuhlabelela emabhandeni okuthutha.
b) Ukuvinjwa kwabasebenzi ukuthi bangabhemi enkantini ngesikhathi somsebenzi kanti isona sithuba kuphela abasebenzi abangabhema ngaso ngenxa yokuthi lena ifekthri kaswidi nokudla.

Ngesikhathi inyonyana ibhalela inkampani mayelana nalokhu, impendulo kwaba yileyo ejwayelekile ukuthi inkampani yaxoxa ngendlela yokwenzeka kwalesisehlo nenyonyana yenkampani. "I-nyonyana eyakhiwe ngabaphathi okungehlukene ne-Company Committee.

Abaphathi babengazimisele ukubhalelana nenyonyana mayelana nalezizinkinga. Njengoba noma ubani uyazibonela ukuthi impi yokwaziwa isaqhubeka kulefekthri eyigatsha eliphethwe e-Brithani.

